**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C, D, no-E.
- Phendula noma yimiphi imibuzo emibili. A no-B noma C no-D noma A no-E, njll.
- Imibuzo ivele ezigabeni ezimbili ezahlukene.
- Umsebenzi omuhle nohleleke kahle uyaziswa kakhulu.
- Imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.

## ISIGABA A

Funda izinkondlo ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 1
### IZINKONDLO

***Imvubelo*** **– A. M. Maphumulo.**

**Inkondlo A**

Nokwethaba

Bangishaye ngemfe iphindiwe,
Bath'. usathe shelele,
Ngethemba, ngama ngalinda,
Ngob' iziyaluyalu zenhliziyo yami
Ziphuphuma olwakho uzwelo,
Uzwel' olungelinganiswe ngaludondolo.

Ngalinda lashon' eNtshonalanga,
Ebelishon' eNtshonalanga laze
Lavel' eMpumalanga
Kazi Nokwethaba wayaphi?
Imithombo yentokozo ebigeleza
Unyelel' olusivivi yagelez' umjoyi.

Ngabal' izindwani kwanhlanga
Zimuka nomoya konke,
Cha! Ngempel' ithemba
Kalibulali, ngoba ngabe
Sengaba mathamb' amhlophe
NgoNokwethaba nje yedwana.

B. F. Ngema

1.1 Khetha impendulo efanele:

1.1.1 Ukushaya ngemfe iphindiwe kusho:
- a) ukulalela.
- b) ukukhohlisa.
- c) ukuncoma. (1)

1.1.2 Ukuthi shelele ukuhamba:
- a) unomphela.
- b) zonke izinsuku.
- c) isikhashana. (1)

1.1.3 Indikimba yale nkondlo ikhuluma…
- a) ngothando.
- b) ngozwelo.
- c) ngokufa. (1)

1.2 Yini iziyaluyalu zenhliziyo? (2)

1.3 Ilanga lishona kuphi? (1)

1.4 Bhala impikisamqondo etholakala emgqeni 8 no-9. (1)

1.5 Kusho ukuthini ukuthi kwanhlanga zimuka nomoya? (2)

1.6 Umlobi usho ukuthini uma ethi ithemba kalibulali? (2)

1.7 Onjani umuntu osaba mathambo amhlophe? (2)

1.8 Nika injambementi esebinzeni 2. (2)

1.9 Ukhalelani kangaka lo muntu na? Sekela impendulo yakho. (2)

1.10 Nika lokhu okulandelayo: (3)

1.10.1. Imvumelwano-siqalo ebinzeni 1.
1.10.2. Imvumelwano-sigcino ebinzeni 1.
1.10.3. Ukuxhumanisa okuyinxemu ebinzeni 1.

**[20]**

**Inkondlo B**

Usakhumbula ubunzima?
Usakhumbul' ukuthi ubungabuthi quthu-
Ingani phela bewuvuka ngovivane,
Wadel' abangani nenjabulo,
Uphokophel' ukuzuz' imiyezane yezazi,
Manje usuthwel' umqhele wolwazi,
Usuhamba ngezinqe ngokuzithiba.

Uyabakhumbula abazali bakho?
Belala obenyoni ubuthongo,
Bewa bevuka ubusika nehlobo
Ngoba benenhloso ngawe,
Ngoba nje usulapho sekwadlula konke-
Uthini ngosapho lukaNtu?
Awufuni lufinyelele esiqongweni sentaba?

Iminyaka eminingi yobunzima.
Injabulo ishabalele kuququdwana nemfundo
Namhla sekungawe, qhuba usapho lukaNtu.
Luwelele ngale komfula wolwazi
Kawakhile kwamhlaba,uzodlulela kwelawokhokho…
Nguban' ozophikelel' alandele
Ezinyathelweni zokukhuthaz' izinkedama zikaNtu
Ezisalima indima yolwazi?

1.11 Sithini isihloko sale nkondlo? (1)

1.12 Phendula ngo-Yebo noma ngo- Cha. (5)

1.12.1 Emgqeni 5 no 6 sithola ukuxhumana-sigcino.
1.12.2 Emgqeni 11 no 12 sithola ukuxhumana-siqalo.
1.12.3 Ukuvuka ngovivane ukuvuka emini.
1.12.4 Imiyezana yezazi ukwazi ukusebenzisa izidakamizwa.
1.12.5 Ukulima indima yolwazi ukuqhubeka nemfundo.

1.13 Ingabe lo muntu waba nempumelelo ngokudela abangani nenjabulo? Sekela impendulo yakho. (3)

1.14 Ubuthongo obenyoni obunjani? (2)

1.15 1.15.1 Yisho uphawu olutholakala emgqeni 14. (1)
1.15.2 Kungani uthi igama olibhale kumbuzo 1.15.1 uphawu? (2)

1.16 Bhala umugqa obonisa ukuthi lo muntu uzoshona. (1)

1.17 Uma wena ungulo muntu ungalusiza usapho lukaNtu na? Sekela impendulo yakho ngokunikeza amaphuzu amabili. (3)

1.18 Kusho ukuthini ukungabuthi quthu? (1)

1.19 Nika isizathu esisodwa esenza lo muntu angabuthi quthu. Nika igama elilodwa. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA B

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

## UMBUZO 2
## UMDLALO

***Ngiwafunge Amabomvu* –M. Molefe.**

**Isiqeshana A**

| | |
|---|---|
| Msanka: | Lalela lapha Zaba..... |
| Zaba: | Yima baba angiyiqede le nto bese nisho into eniyishoyo. uThulisile benginaye emfuleni namuhla, wangitshela ukuthi inkosi imvalele elawini layo okokuqala selokhu afika lapha. Ngihamba naye-ke ngoba isiqala ukumehlula. Inkosi ngiyayibona ukuthi izinhloli zayo ziyitshelile ukuthi uThulisile unqaphaza nje kuyona kungoba egodle mina. Iyongibulala-ke ngaleso sizathu. |
| MaGubeshe: | Ayikho leyo nto Zaba. |
| Msanka: | Yima MaGubeshe. Indlovukazi kade eyiqalile u.... |
| Zaba: | Baba, akuyona indlovukazi nguThulisile. |
| Msanka: | Yima-ke Zaba, le ntombazane kade eqalile uMzwezwe eyithambisa. Kungoba...? |
| Zaba: | (*Evuka indlobane*). UMzwezwe nguyena-ke ozovuka othulini ngifika nje laphaya koMkhulu! Intombi yami...! (*Babambe izidindi ziphunyuka bezama ukuchaza oMsanka benoMaGubeshe*). |

2.1 UZaba uvezwe njengomlingiswa onjani lapha endabeni. Sekela lokhu ngokuveza isigameko esisodwa esisendabeni. (3)

2.2 Inkosi yayifuna ukumbulala uZaba njengoba yena wayecabanga na? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

2.3 Kungani uZaba engafuni ukuthi uThulisile abizwe ngendlovukazi? (2)

2.4 Yini ukuvuka indlobane? (2)

2.5 Ukuvuka othulini ukwenzenjani? (1)

2.6 UZaba noMaGubeshe bahlobene kanjani? (1)

2.7 Kubangelwa yini ukuthi uMaGubeshe noMsanka babambe izidindi ziphunyuka? (2)

2.8 Qedela ngegama elifanele: (5)

2.8.1. Inkosi yayifuna ukwenza uZaba i______ yayo.
2.8.2. Impelesi kaThulisile ngu____________.
2.8.3. Iwele likaThulisile ngu______________.
2.8.4. UMsanka wayeyi_______ yenkosi.
2.8.5. Inyanga yenkosi kwakungu_______________.

2.9 Veza izibonelo ezimbili ezenza ukuthi uThulisile alilandele igama lakhe. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | |
|---|---|
| Mgidi: | Amanga Majola. |
| Majola: | Ndabezitha! |
| Mgidi: | Manje-ke Majola zingabantu abanjani izingane zakho? |
| Majola: | Khona kazifani Ndabezitha. Lokhu okunye kunamehlwana acijile, kunamatata, kunenhliziyo eshesha ifike esiphethweni, kanti lokhu okunye kubheke phansi. |
| Mgidi: | Akusho wena. |
| Majola: | Kodwa-ke Ndabezitha kuzosheshe kubone ukuthi kusendaweni edinga wonke umuntu azithobe ngaso sonke isikhathi. |
| Msanka: | Futhi-ke phela abazali bayabaphathisa amazwi awumkhusu wendlela eya kwamfazongemama abantwana uma befika kuleli banga. |
| Majola: | Nduna! |
| Mgidi: | Cha, ungethuki Majola akukho lutho olubi. |
| Majola: | Ngiyethemba nami ukuthi ngeke kube khona lutho olubi. |

2.10 Ngubani uMajola? (1)

2.11 Kungani inkosi ithi unamanga uMajola? (2)

2.12 UMgidi wayeyinkosi yasiphi isizwe? (1)

2.13 Uma ucabanga yimuphi kulamawele obheke phansi? Sekela impendulo yakho ngokunika izibonelo ezimbili ngalelo wele. (5)

2.14 Lubangwa yini udweshu kulo mdlalo? Impendulo yakho mayibhekiswe kulaba balingiswa abalandelayo: (6)

- uZaba.
- uThulisile.
- uMgidi.

2.15 Sifundo sini osithola ngomlingiswa onguThulisile? Sekela impendulo yakho ngokuveza amaphuzu amabili asendabeni (4)

2.16 Amazwi anjani angumkhusu wendlela? (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA C

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

**UMBUZO 3**
**INOVELI**

***Isigcawu Senkantolo* – M.M. Masondo.**

**Isiqeshana A**

> "Ithini lona sewuke walifanisa nje mnumzane?" kubuza UThandi.
>
> "Lutho, " kuphendula uNgubane.
>
> Aqhubeke uNgubane, "Thandi, uma usafisa ukubukela ungahlala mina sengi…"
>
> "Room 47, please! Room 47, please, Room 47, please….!" Laphindaphinda njalo lelo zwi lowesifazane lizwakala ezipikeni ezabe zilenga kovulandi bonke bale hhotela.
>
> Wasubatha ngelikhulu ijubane uNgubane waphikelela endlini yakhe. Wangena maqede wathatha ucingo olwabe lukhala etafuleni. Izipika zona zathula.
>
> Ekhefuzela, "Hello, hello!"
>
> "UMnumzane Ngubane?"
>
> "Yebo."
>
> "Ngilitholile."
>
> "Kube nenkinga?"
>
> "Cha."
>
> "Akekho onibonile?"
>
> "Angethembi…."

3.1 Bhala igama ledamu okwakuhamba izikebhe kulo? (1)

3.2 Chaza kafuphi ukuthi kwakuyithini lani leli okukhulunywa ngalo lapha? (2)

3.3 Lalingumbala muni leli thini? (1)

3.4 Yisho ukuthi laba balingiswa abalandelayo benza msebenzi muni? (3)

- UThandi.
- UNgubane.
- UThemba.

3.5 Yini igama lehhotela? (1)

3.6 Incwadi yayibhalwe ngobani futhi beyibhalela bani? (2)

3.7 Ingabe isithakazelo sikaNgubane nguMbomvu noma nguKhathide? (1)

3.8 Ngubani owatshela uNgubani ngendaba yencwadi kanye neyethini? (1)

3.9 UThemba wathola amantombazane amangaki ayezolandela indodakazi kaKubheka ngesikebhe? (1)

3.10 Bhala igama lentombazane eyodwa kulawo mantombazane. (1)

3.11 Ubani igama lomnumzane Kubheka? (1)

3.12 UNgubane wenza cebo lini ngencwadi eyatholakala ethinini? (2)

3.13 UNgubane uvezwe njengomlingiswa ozethembayo. Sekela lokhu ngokubhekisa endabeni. (3)

**[20]**

**Isiqeshana B**

> Izindaba zokuboshwa kukankosikazi Kubheka zabhebhetheka ngamandla. Amaphephandaba athengwa ubuthaphuthaphu. Nebala lwafika usuku lwecala. Ngosuku lwecala yayigcwele inkantolo yasemajajini iphuphuma. Kwakugcwele kwaze kwagcwala imigwaqo eyakhelene nenkantolo.
>
> Amaphoyisa omgwaqo asebenza esebenzile evimba izimoto ngoba kungahambeki. Kwakugcwele abomsakazo, umabonakude, amaphephandaba kanye nezicukuthwane ezithile.

3.14 Ngubani igama lenkosikazi kaKubheka? (1)

3.15 Unkosikazi Kubheka wayeboshelweni? (1)

3.16 3.16.1 UNgubane wabasebenzisa kanjani abantu bamaphephandaba kuleli cala? (3)
3.16.2 Ingabe lokho akwenza uNgubane kwamsiza na? Sekela impendulo yakho. (3)

3.17 Nika igama lendodakazi kaKubheka. (1)

3.18 Njengoba ummangalelwa kwakungunkosikazi kaKubheka, kwakungubani ummangali? (1)

3.19 Yisho amagama abameli bakammangali. (2)

3.20 Ingabe isihloko sale ndaba siyahambelana nendaba yonke na? Sekela impendulo yakho ngokunika iphuzu elilodwa. (3)

3.21 Esiphethweni sendaba uNgubane watshela uKubheka ukuthi icala kaliboli. Ingabe wayekhuluma ngaliphi icala lapha? (2)

3.22 Bhala isifundo osithola ngomndeni kaKubheka mayelana nokuba nemali kwabo. Sekela impendulo yakho ngokucaphuna amaphuzu amabili asendabeni. (3)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA D

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 4
### UBUCIKO BOMLOMO

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C. T. Msimang.**

**Isiqeshana A**

> Wonke umuntu ulizwa kahle manje igwababa. Nomlayezo walo futhi ucacile. Pho kuzokwenziwanjani? Izinhliziyo zabaningi azikho kuleli gwababa, bona sebebuka le mpango engahle ibaphuthele ngenxa yehubhulu nje! Sukanini bo! Mbala-ke, baphikelela phambili! Kepha uMpeza yena wenyela kakhulu emoyeni ngokuyalelwa ngokufa.

4.1 Qhathanisa u-A no-B

| A | | B | |
|---|---|---|---|
| 4.1.1 | Inganeko uhlobo | A. | Isibonelo senganeko. |
| 4.1.2 | Inkosikazi esenyangeni | B. | olungafani nezinye ezimbili. |
| 4.1.3 | Izinsumansumane uhlobo | C. | oluthinta umlando. |
| 4.1.4 | UMpeza negwababa | D. | isibonelo somzekeliso. |
| 4.1.5 | Umzekeliso uhlobo | E. | olukhuluma ngokudabuka kwezinto. |

(5)

4.2 Uzwa kanjani ukuthi inganekwane isifike esiphethweni sayo uma ixoxwa? (2)

4.3 UMpeza wayalwa ngubani ngokufa? (1)

4.4 Ingabe UMpeza walalela na? Sekela impendulo yakho. (3)

4.5 Yini isifundo osithola ngesenzo sikaMpeza? (3)

4.6 Kwakuyimpi yani lena esifunda ngayo endabeni? (2)

4.7 Bhala isiphetho sale nganekwane. (4)
**[20]**

**Isiqeshana B**

**Thula mntwana**

Thula mntwana,
Thula nsizw' endala,
Amathol' aphumile
Abafan' ethafeni,
Nampa belusile,
Thula nsizw' endala.

Thula mntwana,
Thula ntomb' endala,
Izigubhu zigcwele,
Izintomb' emfuleni,
Naziya zikh' amanzi
Thula ntomb' endala.
Owa! Owa! Owa!

4.8 Nika izimpawu ezine ezenza lolu hlobo lwenkondlo lube yinkondlo. (8)

4.9 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)

4.10 Lolu hlobo lwenkondlo lusetshenziswa nini? (2)

4.11 Ngobani abavama ukuhaya lolu hlobo lwenkondlo? (2)

4.12 Yini esemqoka ngalolu hlobo lwenkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)

4.13 Nika impikisamqondo etholakala emgqeni 2 no 8. (2)

4.14 Phendula ngo-yebo noma ngo-cha. Izinkondlo zomdabu azihaywa uma umuntu eseshonile. Sekela impendulo yakho. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA E

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 5
### IZINDABA EZIMFUSHANE

***Umlabalaba* –O.E.H. Nxumalo.**

**Isiqeshana A**

> Ukuba sikhuluma ngesikhathi sesikole ngabe sithi yikhefu lokuqala. UMtshali nomfana wakhe uMdenjana sebezofika ekholishi lokufundela ubuthishela. Leli kholishi lalidume kakhulu ngemiphumela emihle nangemigomo eqokothile yokuqeqesha abafuna ukuba ngothisha.
>
> Ibhasi lalokhu lihambe njalo. Iyantwela ingqondo yesiququmadevu esinguMtshali. Namuhla uMtshali ukhumbula kudala esasebenza eGoli lo mgwaqo ungakabi notiyela. Kwakubugqugqugqu. Kodwa kubona kwakufana nokuthi bayandiza ngoba babesuka ekuhambeni ngezinyawo. Baya emahhashini. Baya ezinqoleni. Namhlanje usentweza ngebhasi.

5.1 Ibhalwe ngubani le ndaba emfushane? (1)

5.2 UMtshali nomfana wakhe babeyokwenzani ekholishi lokufundela ubuthisha? (2)

5.3 Lalidume ngani leli kholishi? (2)

5.4 Yini ukuntwela kwengqondo? (2)

5.5 Onjani umuntu oyisiququmadevu? (2)

5.6 Yini eyaphazamisa uMtshali uma befika ekholishi? (3)

5.7 Nikeza igama lomlingiswa oqavile kule ndaba. (1)

5.8 Sithini isihloko sale ndaba? (1)

5.9 Sifundo sini osithola ngomuntu ofana noMtshali? Sekela impendulo yakho ngokusebenzisa amaphuzu amabili asendabeni. (4)

5.10 Ngubani umphathi waleli kholishi? (1)

5.11 Yini igama laleli kholishi. (1)
**[20]**

**Isiqeshana B**

> Ziqathake izinyembezi. Ngisukume. Ngiqonde etafuleni. Ngelule isandla. Ngiwucishe umsakazo. Ngizesule ngomkhono weyembe izinyembezi. Kangisenandaba noma angazibona uNomkhosi. Uma ebuza ukuthi ngikhalelani, ngeke ngingabaze ukumtshela iqiniso. Kufuze ukuthi usezibonele kodwa naye ukuthi sekufike esiphethweni.
>
> "Uyazi uyangixaka namuhla Ndumiso. Uyangixaka impela," asho angigqolozele uNomkhosi. Ngithule. Ngibheke phansi. "Kawusho Ndumiso, yini ngempela? Kukhulu okukudlayo kodwa kawufuni ukungitshela. Angazi ukuthi usuqale nini ukungangitsheli uma kukhona okungakuphethe kahle. Selokhu ngifikile nje, kawukhombisi nokuncane ukwesasa lokhu. Ngeke uze usho ukuthi uhleli nomuntu omthandayo, okuthandayo."

5.12 5.12.1 Ukhaliswa yini uNdumiso? (2)

5.12.2 UNomkhosi uthi izinyembezi zani lezi zikaNdumiso, kanti ukwazi kanjani lokho? (3)

5.13 Ukhonondelani uNomkhosi? (3)

5.14 Sekuphele isikhathi esingakanani uNdumiso noThembisile bengabonani? (2)

5.15 Ubani umlingiswa oqavile kule ndaba? (1)

5.16 Yini inkinga yalo mlingiswa oku-5.15? (2)

5.17 Ingabe yaphumelela injongo yomlingiswa oku-5.15? Sekela ngephuzu elilodwa. (3)

5.18 Yimuphi umbuzo osala uzibuza wona esiphethweni sale ndaba? (2)

5.19 Kwenziwa yini ukuthi uNdumiso anganiki uThembisile ikheli lakhe? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**